



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nonkumbulo Sithole
Tel: 076 087 1513
Toll-Free: 0800 000 996
Email: callcentre.agriculture@kzndae.gov.za
Website: www.kzndae.gov.za

INKULUMO YOKUVULA KANGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU- NATALI, UMNUZ THEMBA MTHEMBU NGOMGUBHO WOSUKU LUKAZWELONKE LWAMALUNGELO ABANTU

USUKU: ULWESIBILI, 21 MASHI 2017

**INDAWO: KWALUBISI, KWASITHAMBI SPORTSGROUND, KUMASIPALA
WASOPHONGOLO**

Mphathi Wohlelo: UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha kanye
nokuXhunyaniswa koMphakathi, uMnuz Thomas Kaunda,

UNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMnuz T.W. Mchunu

INkosi yesizwe sakwaNtshangase, Inkosi u L.B. Ntshangase

IMeya yeSifunda saseZululand, uKhansela Inkosi uMzamo Buthelezi, IMeya
kaMasipala wasoPhongolo, uKhansela uB.C. Nhlabathi,

Nawo wonke amaKhosi akhona

Amalungu eSishayamthetho sesiFundazwe

Abaholi bezeNkolo kanye naboMphakathi

Bafowethu noDadewethu,

Kuwo wonke amaholidi esinawo ekhalendeni lethu likaZwelonke, leli lamaLungelo
aBantu libonakala kuyilona elidinga ukuthi thina njengoHulumeni sizihlole ukuthi
sesihambe kangakanani ekubhekaneni nezinkinga zabantu bakithi, ikakhulukazi
kulezi zingqinamba ezintathu okuwububha, ukungabikho kwamathuba
emisebenzi nokungalingani.

Singeke simane sime nje phambi kwenu sigubhe lolu suku, sikhumbula ukubaluleka kwalo ngemumva lethu, ngaphandle kokuba sizibuze ukuthi, sesisebenze kangakanani ekuqinisekiseni ukuthi sithola amalungelo abantu ayisisekelo futhi avikelekile kumthethosisekelo wethu.

Isibalo sabantu abaphila ngaphansi kobubha siyaqhubeka nokukhula ngesivini ezweni lonke nasesifundazweni.

Imiphumela yocwaningo lomphakathi lwango 2016, izibalo zabakwa-Stats SA ziveza ukuthi u14.8% wemindeni esifundazweni ike yangaba nakudla ezinyangeni ezingu-12 ezedlule. Lokhu kuyinto engemukelekile neze ezweni elinomthethosisekelo othi: wonke umuntu unelungelo lokuthola ukudla okwanele namanzi anele.

Bakwethu, kulufanele lolu suku ukuba ngiphinde nginikhumbuze ngokuzibophezela kwethu njengoMnyango ekuqinisekiseni ukuthi sithola lonke uhlobo losizo lwezolimo ezithuthukisiwe nezikwazi ukusebenza ngendlela ekahle ekwakheni imiphakathi ethuthuka ngokwesekwe yimvelo njengoba kuqoshiwe lokho njengombono emnyangweni wethu.

Ukugxila kwethu ekuqinisekiseni kokuba khona kokudla kucacisa ngokusobala ukuzimisela kwethu njengoHulumeni ukuguqula isimo senhlupheko esifundazweni, siyaqonda ukuthi ezolimo zinamandla okuba zingaphakela imindeni, zidale amathuba emisebenzi futhi zakhe amathuba alinganayo.

Ukuqinisekisa ukuthi ukudla kukhona esizweni kungenye yezinto ezisemahlombe omnyango. Sisemkhankasweni onqala esijonge ukuba siqinisekise ngawo ukuthi abantu bakithi banawo amanzi. Sifuna abantu bakithi bathole izimvume zokusebenzisa amanzi: Ngaphezu kwalokho, sifuna ukuqikelela ukuthi ukukhishwa kwezimvume zokusebenzisa amanzi kucheme nalabo abadla imbuya ngothi hhayi omacaphunakusale nalabo abanobunikazi bomhlaba.

Uzakwethu uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya nezeMihlaba, uMnuz Gugile Nkwinti, ngalolu Lwesihlanu olwedlule ushicilele umthethosivivinywa osihloko sithi "Regulation of Agricultural Land Holdings Bill".

Lo mthethosivivinywa uhlose ukuba "kuguqulwe umlando wobukholoni nobandlululo, futhi kuqinisekise ukuthi kuba khona ukwabiwa komhlaba okunobulungisa nokulinganayo kubantu abansundu."Umhlaba kumele ubuye kubantu.

Muziwakwethu, ngaphansi kwalo mthetho, bonke labo abanobunikazi bomhlaba

bayophoqwa ukuba bachaze ukuthi bawuthola kanjani futhi lapho kucaca ukuthi akuhambelananga nemigomo ebekiwe mayelana nokuthengwa komhlaba, uyobe usuthathwa nguHulumeni, ngaphezulu kwalokho, akunamuntu wokufika oyogunyazwa ukuba athenge umhlaba wezolimo kuleli lizwe, ngaphandle kokuba ezowubolekwa isikhathi eside. UHulumeni awumile, uyasebenza.

Ndunankulu, ngesonto eledlule siwuMnyango sivakashele iphrojekthi yabalimi ebizwa ngeSivule Coop, khona lapha oPhongolo. Ngajabula kakhulu ukuthi abalimi bendawo bakhombisa isasasa elikhulu kangaka kwezolimo nomdlandla ekufukuleni umphakathi wabo. ISivule coop ikwaze ukutshala ummbila ongamahektha angu 80. Bantu bakithi, "Sidinga ukwenza Ezolimo Usiko Lwethu".

Ndunankulu Macingwane, siyakujabulela futhi siyakubonga kakhulu ukweseka kwakho uMnyango emizamweni yawo yokuyisa ezolimo kubantu bakithi. Manje silangazelela ukuzwa inkulumo yakhe yalolu suku njengalokhu sigubha usuku olubaluleke kangaka lwamaLungelo abantu.

Ngiyabonga,

Mhlonishwa Ndunankulu, uT.W Mchunu